



## The power and point of reading aloud

**Reading aloud is one of the most important activities we can do with children of all ages – even when they can read for themselves! It lays the foundation for a nation of readers and critical thinkers. Carole Bloch, Executive Director of the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) explains.**

“My favourite time all the way through school was at the end of a day, when our English teacher would say, “Put everything away, put your heads on your desks, shut your eyes and listen.” Then we’d travel in our minds through the worlds of storybook authors, sometimes familiar and sometimes strange, but always carried by the familiar rhythm of our teacher’s reading voice.

The sense of liberation and satisfaction that getting lost in a great story offered, expanded into confidence as we found our own voices in the excited discussions that would often follow. We learnt by listening, thinking and talking about how we would have approached the challenges the story characters faced. Risky thinking and imagining became possible because these were “just stories”! We were really free to express our ideas and emotions and to explore “right and wrong”, “good and evil”, and “fair and unfair”.

Back then I didn’t realise why being read to was so powerful. I also didn’t appreciate the educational point of it all. But now, as a literacy specialist, I do!

What I know now is that children need reading role models. Adults have the power to choose what to read to children and where their young minds should travel. Adults give life to every story they share, and every story shared helps to spark and maintain a passion for reading in youngsters.

But too many of us have grown up without being read to, so we may not have stories that we can recommend to others. Many of us do not have lots of experience at reading aloud. This shouldn’t stop us! The fact is that practice makes perfect. Everyone develops as a reader – story by story and book by book. What is good for the child, is also good for the adults! So, just choose a story and get reading to the children in your life!

## Amandla kanye nesizathu sokufunda kuzwakale

**Ukufunda kuzwakale ngomunye wemisebenzi ebaluleke kakhulu esingayenza nezingane zaminyaka yonke yobudala – ngisho noma zikwazi ukuzifundela ngokwazo! Kubeka isisekelo sesizwe sabafundi kanye nabacabangi abahlaziyayo. UCarole Bloch, onguMqondisi Ophezulu we-Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA), uyachaza.**



“Isikhathi engangisithanda kakhulu ezinsukwini zami zesikole wukuphela kosuku, ngenkathi uthisha wethu wesiNgisi esethi, “Qoqani yonke into niyifake ezikhwameni, bekani amakhanda enu emadeskini, valani amehlo enu nilalele.” Emva kwalokho sesizoya ngamehlo engqondo emazweni ababhali bezindaba, izindawo ezijwayelekile ngesinye isikhathi ezingajwayelekile, kodwa ngaso sonke isikhathi sihathwa wumgqumo ojwayelekile wezwi likathisha wethu efunda.

Umuzwa wenkululeko nokwaneliseka, wokulahleka uthathwa yindaba emnandi, wawenabela nasekuzethembeni ngesikhathi sihola amaphimbo ethu ezingxoxweni ezithokozisayo ezazivame ukulandela ngemuva kwalokho. Sasifunda ngokulalela, ngokucabanga nokukhuluma ngokuthi thina sasingamelana kanjani nezinsalelo abalingiswa bendaba ababehlangana ngazo. Ukucabanga okunengozi nokwakha izinto engqondweni kwaba yinto engenzeka ngoba lezi “kwakuyizindaba nje”! Sasikhululekile ngempela ukuzwakalisa imiqondo nemizwa yethu nokubhekisisa “okuyiqiniso nokuyiphutha”, “okuhle nokubi” kanjalo “okungenzeleli nokwenzelelayo”.

Ngalezo zikhathi ngangingaboni ukuthi ukufundelwa kwakunamandla amakhulu kangako. Futhi angikwazanga nhlobo nokuncoma isizathu sokufunda esihambisana nako. Kodwa manje, njengongoti wezokufunda nokubhala, ngiyakuncoma lokhu!

Engikwaziyo wukuthi izingane ziyabadinga abantu abayizibonelo zabafundi bezincwadi. Abadala banamandla okukhetha lokho abakufundela izingane nokuthi izingqondo zazo ezincane kufanele zihambe ziye kuphi. Abadala bayinikeza impilo indaba ngayinye ababelana ngayo, futhi indaba ngayinye okwabelwana ngayo yokhela ibuye igcine intshisekelo yokufunda kwabasebancane.

Kodwa-ke iningi lethu likhule lingafundelwa, ngakho singebe nazo izindaba esingazincoma kwabanye ukuthi zifundwe. Iningi lethu alinalo ulwazi oluphathekayo lokufunda kuzwakale. Lokhu akumele kusivimbe! Iqiniso wukuthi ukuzijwayeza kukwenza uchwepheshe. Okulungele izingane, kubalungele nabadala! Ngakho, vele ukhethe indaba bese ufinyelela ezinganeni ezisempilweni yakho!



**Drive your imagination**

**Join us in taking the power of stories to the next level. Let's go!**

**Hlanganyela nathi ukuthatha amandla ezindaba siwabeke ezingeni elilandelayo. Masihambeni!**





# Story stars

## Building a brighter future through books

**FUNda Leader, Mhlalikazi Khumalo, works at Sifunda Kunye Literacy Project in Keiskammahoek, Eastern Cape. She is passionate about the importance of reading and writing, and is a role model for many others. We chatted to Mhlalikazi about her experience of stories as a child and her work in encouraging children to be readers.**



Sibongile Ngilwa

Mhlalikazi Khumalo

### What do you do at Sifunda Kunye Literacy Project?

I work with high school learners. I set up and run reading clubs, writing clubs and projects where we make books. I also run a literacy centre.

### Why is this work important?

When children are part of these clubs and projects they have the opportunity to be themselves! They are able to read books of their own choice, to write from the heart and to read and write about topics and issues that matter to them. These things are important if we want to make sure that our children and our country have a bright future.

### Why are books and stories important?

They deal with very important and complex issues in our society in interesting and exciting ways. Through reading we get to understand other people's struggles, cultures and challenges. We empathise more and look at things differently.

### Do you think we need books in all South African languages?

Of course! Children need to learn to use and read in their mother tongue before tapping into other languages. It makes learning other languages so much easier.

### If you were the president of South Africa, what two things would you do to make a difference to literacy?

I would make sure that there is a reading club that meets regularly in every community and I would allow children to be taught in their mother tongue languages at school.

### Who read to you or told you stories as a child?

My mother, grandmother, siblings and uncles used to tell me stories in isiXhosa and in English. My mother and brother used to read to me. I still carry the memories of some of those stories.

### What languages do you read in now?

I read mostly in English, but recently I have reconnected with reading isiXhosa novels and short stories!

### Where is your favourite place to read?

In bed!

### The book that changed my world was ...

... *A New Earth* by Eckhart Tolle.

### My favourite book to read to children is ...

... *Refilwe* by Zukiswa Wanner.



# Abavelele ezindabeni

## Ukwakha ikusasa eliqhakazile ngezincwadi

**I-FUNda Leader, uMhlalikazi Khumalo, usebenza eSifunda Kunye Literacy Project eKeiskammahoek, eMpumalanga Koloni. Unentshisekelo nogqozi ngokubaluleka kokufunda nokubhala, futhi uyisibonelo kwabaningi. Sixoxisene noMhlalikazi ngokuzibandakanya kwakhe nezindaba njengengane nangomsebenzi wakhe wokugqoguzela izingane ukuthi zibe ngabafundi.**

### Yini oyenzayo eSifunda Kunye Literacy Project?

Ngisebenza nabafundi basemabangeni aphezulu. Ngihlela ngiphinde ngiphathe amathimba okufunda, amathimba okubhala namaphrojekthi lapho senza khona izincwadi. Ngiphinde ngiphathe isikhungo sokufunda nokubhala.

### Kungani lo msebenzi ubalulekile?

Uma ngabe izingane ziyingxenywe yala mathimba namaphrojekthi zinethuba lokuba yizona qobo! Ziyakwazi ukufunda izincwadi ezizikhethele zona, ukubhala okusuka ezinhliziyweni nokubhala ngezihloko kanye nezingqikithi ezibalulekile kuzo. Lezi zinto zibalulekile uma sifuna ukuqinisekisa ukuthi izingane zethu nezwe lethu kunekusasa eliqhakazile.

### Kungani izincwadi nezindaba zibalulekile?

Zidinga ngezinqikithi ezibalulekile neziyinkinga emiphakathini yethu ngezindlela ezimnandi nezithokozisayo. Ngokufunda siyakwazi ukuqonda ukuhlupheka kwabanye abantu, amasiko nezinsalelo zabo. Siba nokuzwelana kakhudlwana futhi sibheke izinto ngamanye amehlo.

### Ucabanga ukuthi siyazidinga yini izincwadi ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika?

Impela! Izingane zidinga ukufunda ukusebenzisa nokufunda ngezilimi ezizincele ebeleni ngaphambi kokungena kwezinye izilimi. Kwenza ukufunda ezinye izilimi kube lula kakhulu.

### Ukuba ubungumongameli waseNingizimu Afrika, yiziphi izinto ezimbili obungazenza ukwenza umehluko ekufundeni nasekubhaleni?

Bengingaqinisekisa ukuthi kukhona ithimba lokufunda elihlangana njalo kulowo nalowo mphakathi futhi ngingavumela izingane ukuthi zifundiswe ngezilimi ezizincele ebeleni ezikoleni.

### Ngubani owayekufundela noma owayekuxoxela izindaba useyingane?

Umama, ugoto, izingane zakwethu kanye nomalume babengixoxela izindaba ngesiXhosa nangesiNgisi. Umama nomfowethu babengifundela izindaba. Ezinye zalezo zindaba ngisazikhumbula nanamuhla lokhu.

### Ufunda ngaziphi izilimi njengamanje?

Ngifunda kakhulu ngesiNgisi, kodwa kamuva nje sengiphinde ngabuyela ekufundeni amanoveli nezindaba ezimfishane ngesiXhosa!

### Iyiphi indawo oyikhonzile lapho ofunda khona?

Embhedeni!

### Incwadi eyaguqula umhlaba wami ithi ...

... *A New Earth* ebhalwe ngu-Eckhart Tolle.

### Incwadi engikhonzile ukuyifunda ithi ...

... *Refilwe* ebhalwe nguZukiswa Wanner.



**Find out about other FUNda Leaders by going to "Meet our FUNda Leaders" on our website, [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Or, join the FUNda Leader Network by:**

-  emailing Nal'ibali at [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)
-  contacting us on Facebook or Twitter ([nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA))
-  signing up on the Nal'ibali website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)), or mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi))
-  calling the Nal'ibali call centre on **02 11 80 40 80**.

**FUNda LEADER**



**Thola ulwazi ngabanye abaholi be-FUNda Leaders ngokuvakashela ingxenywe ethi, "Meet our FUNda Leaders" kusizindalwazi sethu esithi, [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Noma uzibandakanye nethimba labaholi be-FUNda Leader Network ngokuthi:**

-  uthumele i-imeyili kuNal'ibali ekhelini elithi [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)
-  usithinte ekhasini lethu le-Facebook noma ku-Twitter ([nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA))
-  uzibandakanye nathi kusizindalwazi sikaNal'ibali ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)), noma i-mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi))
-  ushayele isikhungo sezingcingo sikaNal'ibali enombolweni ethi; **02 11 80 40 80**.




Drive your imagination







## Celebrate books!

World Book Day is a worldwide celebration of books and reading. It is observed in over 100 countries on different dates in the year and in different ways. In South Africa, we celebrate it on 23 April each year.



Here are some ideas for how to celebrate World Book Day.

-  Spend at least 20 minutes on 23 April reading books and stories. You could read the stories in this supplement or past Nal'ibali Supplements, or you could download some of the stories in 11 languages from our website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) or mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)). You can read in different ways too – everyone can read silently or you can take turns reading your favourite stories to each other.
-  Encourage the children to design an advertisement or new book cover for a book they love to read.
-  Ask the children to think about a story character who they admire. Can they say why they admire this character? Spend some time talking to each other about these characters and then suggest that the children write about their characters and draw pictures of them too.
-  Create a story mural. Choose an exciting story with interesting words in it to read aloud to children. Give them each a sheet of paper and ask them to write down any words or phrases from the story that they like as they listen to you reading. When you have finished the story, put a large sheet of paper on the table or floor, and then let the children write all or some of their words and phrases on the paper and draw pictures to go with them. Display the mural and let the children spend time looking at it.

Get your free copy of Nal'ibali's Children's Literacy Rights Charter! The charter is a full-colour multilingual poster highlighting the different kinds of literacy experiences all children should have to best enable them to learn to read and write. Contact the Nal'ibali call centre on 02 11 80 40 80 by 28 April 2017 to request your free copy.





Thola ikhophi yamakhala yoMqulu Wezingane Wamalungelo Okufunda Nokubhala kaNal'ibali! Umqulu lona uyiphosta enemibala egqamile nobhalwe ungezilimi eziningi, ogqamisa ulwazi oluphathekayo lokufunda nokubhala okumele zonke izingane zibe nalo ukuze zikwazi ukufunda ukufunda nokubhala. Xhumana nesikhungo sezingcingo sikaNal'ibali enombolweni ethi 02 11 80 40 80 mhla zingama-28 kuMbaso kowezi-2017 ukuze uzicelele eyakho ikhophi yamakhala.



## Gubhelani izincwadi!

USuku Lomhlaba Lwencwadi wumgubho womhlaba wonke lapho kugujelwa khona izincwadi nokufunda. Lugujiwa emazweni angaphezu kwe-100 ngezinsuku ezahlukene onyakeni, futhi lugujiwa ngezindlela ezahlukahlukeni. ENingizimu Afrika, silugubha ngomhla zingama-23 kuMbaso onyakeni ngamunye.

Nanka amanye amacebo okuthi ningalugubha kanjani USuku Lomhlaba Lwencwadi.

-  Chitha okungenani imizuzu engama-20 mhla zingama-23 kuMbaso, ufunda izincwadi nezindaba. Ungafunda izindaba ezikulesi sithasiselo noma ezinye izithasiselo ezedlule zikaNal'ibali, noma uzikhiphele ezinye izindaba ngezilimi eziyi-11 eziphuma kusizindalwazi sethu ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) noma ku-mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)). Ungabuye ufunde nangezindlela ezahlukene futhi – wonke umuntu angafunda buthule noma nishintshane ngokufundelana izindaba zenu enizithandayo.
-  Khuthaza izingane ukuthi zizidwebele isikhangiso noma isembozo sencwadi esisha sencwadi ezizifelayo ngokuyifunda.
-  Cela izingane zicabange ngomlingiswa wendaba ezimhloniphayo. Zingasho yini ukuthi kungani zimhlonipha lo mlingiswa? Thathani isikhathi nixoxelana ngalaba balingiswa bese emva kwalokho uphakamisa ukuthi izingane zibhale ngabalingiswa bazo bese zidweba futhi nezithombe zabo.
-  Yakha inhlanganisela yezithombe ezixoxa indaba. Khetha indaba emnandi enamagama ahlwabusayo ufundeke izingane kuzwakale. Nikeza ingane ngayinye isiqephu sephepha bese ucela ukuthi zibhale noma yimaphi amagama noma amabinzana eziwathandayo asendabeni, ziwabhale ngenkathi zikulalele ufunda. Uma usuqedile ukufunda indaba, beka iphepha elikhulu etafuleni noma phansi, bese udedela izingane zibhale wonke noma amanye ala magama namabinzana ephepheni bese zidweba nezithombe ezihambisana nawo. Khangisa ngenhlanganisela yezithombe bese unikeza izingane isikhathi sokuyibheka.



## NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

- Ikwekwezi FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.
- Lesedi FM** on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.
- Ligwalagwala FM** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.
- Munghana Lonene FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.
- Phalaphala FM** on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.
- RSG** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.
- SAfm** on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.
- Thobela FM** on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.
- Ukhozi FM** on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.
- Umlhlobo Wenene FM** on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.
- X-K FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



## USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali!

- Ku-Ikwekwezi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni
- KuLesedi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni
- KuLigwalagwala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni
- KuMunghana Lonene FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni
- KuPhalaphala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni
- KuRSG** ngoMsombuluko ukuya ngoLwesithathu ngo-9.10 ekuseni
- KuSAfm** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama
- KuThobela FM** ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni
- KuUkhozi FM** ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni
- KuUmlhlobo Wenene FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni
- KuX-K FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni





## Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep picture books, *An Extraordinary Egg*, (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12) and *Animals* (pages 9 and 10), as well as the Story Corner story, *Storm* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.

### An Extraordinary Egg

It's an ordinary day on Pebble Island for three frogs until one of them discovers a beautiful white egg. They've never seen an egg like this before and one of them decides it is a chicken egg. This is a funny story about mistaken identity.



As you read the book together, talk about the pictures and the words with your children. For example, ask questions like these.

☉ **page 2:** Can you see the pebbles? Can you think of another word for "pebbles"?

☉ **page 7:** Can you see the egg? Do you think it looks like a chicken egg?

☉ **page 8:** Is that a chicken? What do you think it is?



Use Plasticine or playdough to make the animals in the story, then use these to retell the story in your own way.



Encourage your children to use the following materials to make alligators: a long egg carton or egg tray, cardboard, scissors, glue, green paint and kokis.



Suggest that your children draw pictures of an animal hatching from an egg, and then write a few sentences or a poem about their picture.

### DID YOU KNOW?

Alligators live only in the USA and China. They live in places with lots of water, like ponds, swamps and rivers. They do not live in the sea!

In Africa, we have crocodiles not alligators! Crocodiles look a lot like alligators, but alligators have a wider U-shaped snout and crocodiles have a more pointed V-shaped snout.

### Animals

This little book introduces very young children to different animals and the sounds they make. You can also use it with older children by letting them read it in their mother-tongue first and then in the other language of the supplement. They can also read it to younger children who they know.



As you read the book together, talk about the colours of the different animals and the sounds they make.



With older children, read the sound words for each animal in both languages and notice how they sound the same or different.



Use the pictures in the book to tell a story.

### Storm

In this story, a young girl from a fishing village is brought a surprise gift by an angry storm.



What colours do you think of when you think of a storm? Use different coloured paints to create a picture of an angry storm on a large sheet of paper.



Make an animal clinic card for Storm, the puppy. Write the details below on a sheet of paper and then draw a picture of Storm in a block above them.

☉ Pet's name:

☉ Owner's name:

☉ Type of pet:

☉ Owner's address:

☉ Colour of pet:

☉ Owner's phone number:

☉ Male/female:

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nawa amanye amacebo okusebenzisa izincwadi ezimbili zezithombe ozisika uzikhiphe bese uzigcina, incwadi ethi, *Iqanda Elingejoyekekile*, (amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12) nethi *Izilwane* (amakhasi 9 nele-10), kanye nendaba yeKhona Lezindaba, *USiphepho* (ikhasi 15). Khetha amacebo ahambelana kahle neminyaka yezingane kanye nalokho ezikuthandayo.

### Iqanda Elingejoyekekile

Usuku olujwayelekile lwamaxoxo amathathu eSiqhingini Sezimbokodo elinye lawo laze lathola iqanda elihle elimhlophe. Awakaze alibone iqanda elinjena phambilini kanti elinye lawo linquma ukuthi yiqanda lenkukhu. Lena yindaba ehlekisayo mayelana nobunjalo obunephutha.



Ngenkathi nifunda incwadi ndawonye, khulumani ngezithombe kanye namagama nezingane. Ukwenza isibonelo, buza imibuzo efana nalena.

☉ **ikhasi lesi-2:** Uyakwazi ukubona izimbokodo? Ungakwazi ukucabanga elinye igama elifana nelithi "izimbokodo"?

☉ **ikhasi lesi-7:** Uyakwazi ukubona iqanda? Ucabanga ukuthi lifana neqanda lenkukhu?

☉ **ikhasi lesi-8:** Ngabe yiqanda lenkukhu? Ucabanga ukuthi yini?



Sebenzisa i-Plasticine noma inhlama yokudlala ukubumba izilwane ezisendabeni, bese usebenzisa lokhu ukuxoxa kabusha indaba ngendlela yakho.



Khuthaza izingane zakho ukuthi zisebenzise izinto ezilandelayo ukwenza imifanekiso yama-aligetha: ikhathoni lamaqanda elide noma ithileyi lamaqanda, ikhadibhodi, isikelo, isinamathelisi, upende oluhlaza okotshani kanye namapeni ekhokhi.



Phakamisa ukuthi izingane zakho zidwebe izithombe zesilwane sichamiseleka siphuma eqandeni, emva kwalokho zibhale imisho embalwa noma inkondlo mayelana nesithombe sazo.

### UTHI UBUWAZI?

Ama-aligetha aphila kuphela ezweni lase-USA nelaseShayina. Aphila ezindaweni ezinamanzi amaningi, njengamachibi, amaxhaphozi nemifula. Awahlali nhlobo olwandle!

E-Afrika, sinezingwenya, hhayi ama-aligetha! Izingwenya zifana kakhulu nama-aligetha, kodwa ama-aligetha anekhala elendlelekile elisandilinga njengohlamvu U kanti izingwenya zona zinekhala elicijile elime njengohlamvu V.

### Izilwane

Le ncwajana yethulela izingane ezincane izilwane ezahlukeni kanye nemisindo eziyenzayo. Ungayethulela nezingane ezindadlana ngokuzitshela ziyifunde ngezilimi zasekhaya kuqala bese ziyifunda ngolimi oluthasiselayo. Zingaphinda zifundele izingane ezincanyana ezizaziyo.



Ngenkathi nifunda incwadi ngokuhlanganyela, khulumani ngemibala yezilwane ezahlukeni nemisindo eziyenzayo.



Ezinganeni ezindadlana, funda amagama emisindo yesilwane ngasinye ngazo zombili izilimi bese uqaphela ukuthi izwakala ifana noma yehluka kanjani.



Sebenzisa izithombe ezisencwadini ukuxoxa indaba.

### USiphepho

Kule ndaba, intombazanyana ephuma esigodini esidoba izinhlanzi ilethelwa yisiphepho esinamandla isipho esingalindelekile.



Yimiphi imibala oyicabangayo uma ucabanga ngesiphepho? Sebenzisa opende bemibala eyahlukeni ukwenza isithombe sesiphepho esinolaka ephepheni elikhulu.



Yenza ikhadi lasemtholampilo wezilwane likaSiphepho, ongumdlwane. Bhala imininingwane engezansi ephepheni emva kwalokho bese udweba isithombe sikaSiphepho ebhokisaneni elingenhla kwayo.

☉ Igama lesilwane sasekhaya:

☉ Igama lomnikazi waso:

☉ Uhlobo lwesilwane:

☉ Ikhele lomnikazi:

☉ Umbala wesilwane:

☉ Inombolo yocingo yomnikazi

☉ Induna/insikazi:

wesilwane:

### Create TWO cut-out-and-keep books

#### Animals

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

#### An Extraordinary Egg

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

#### Izilwane

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukwenza incwadi.
4. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.


#### Iqanda Elingejoyekekile

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nele-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa onamachashazi aluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.



Drive your imagination






Kwathi ngelinye ilanga, lapho uJesi ezulile, uNcwaba noMlaline babona isiyaluyalu emanzini ngezansi kwabo. Kukhona owayesekingeni. Ngokushesha inkukhu yagxumela esizibeni esijulile esimnyama. UNcwaba noMlaline babethukile.

Then, one day, when Jessica was somewhere else, August and Marilyn saw a commotion in the water below them. Someone was in trouble. Quickly, the chicken dove into the dark pool. August and Marilyn were frightened.

## An Extraordinary Egg Iqanda Elingejwayelekile



Leo Lionni  
Ndabayakhe William Zulu



We publish **what** we like


This is an adapted version of *An Extraordinary Egg* published by Jacana Media and available in bookstores and online from [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). This story is available in isiZulu, isiXhosa, English, Afrikaans and Sesotho. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

Lapha ibhalwe kabusha indaba ethi, *Iqanda Elingejwayelekile*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za). Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, nesiSotho. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: [www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za).

© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your  
imagination






Inkukhu yaziphonsa emanzini namaxoxo  
atshuza ayilandela. Amaxoxo amangala ukuthi  
inkukhu yayikwazi ukubhukuda futhi yayishesha.  
Yawakhombisa amasu amasha okuntanta  
nokugweda. Aba nesikhathi esimnandi edlala  
ndawonye kusukela ekuseni kuze kuhlwe.  
Kwaghubeka kanjalo-ke izinsuku eziningi.




On Pebble Island, there lived three frogs:  
Marilyn, August, and one who was always  
somewhere else.

Esiqhingini Sezimbokodo, kwakuhlala amaxoxo  
amathathu: uMaline, uNcwaba neline elalihlale  
likwezinye izindawo.







After a few long moments, the chicken reappeared, carrying Jessica. “I’m all right,” she called. “I got tangled in the weeds, but the chicken saved me.”

